UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL ™
INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

IHhovisi LeNyuvesi YaKwaZulu-Natali LokuHlelwa Nokuthuthukiswa KoLimi

Linentokozo yokukumema ukuba ube yingxenye

Yokwethulwa Kohlu Lwamatemu EzoMthetho kanye Neqoqo Lezinkondlo KwesiZulu

USUKU:
30 Mbasa 2019

INDAWO:
UNITE Building, Howard College Campus
(Ngena ngo-Gate 8, Rick Turner Road)

ISIKHATHI:
09H00

IMPENDULO IBALULEKILE :
(Qaphela ukuthi yenziwe ngo-Chrome noma u-Firefox)

Imininingwane xhumana: Nomkhuleko Ngubane
i-imeyili: ngubanen2@ukzn.ac.za
Ucingo: 031 260 1921

INSPIRING GREATNESS

ezolimi@UKZN

Kuyabonakala ukuthi Ezemfundo Ephakeme ENingizimu Afrika (ezobizwa nge-SAHE) ziyaqhubeka ngokusingatha uhlelo lokuguqula izilimi zase-Afrika ukuze zibe yingxenye yezokufunda. Kuze kube manje, izilimi ezikhonyayo ku-SAHE isiNgisi nesiBhunu. Sekuyisikhathi eside kukhulunywa udaba lokuthi enye yezimbangela zokungaphumeleli okuphezulu kwabafundi kwezemfundo e-Afrika ukuthi i-Afrika inesimo esingajwayelekile kumazwekazi lapho abantwana befundiswa ngolimi lokufika (cf. Finlayson & Madiba 2002). Kungenxa yalokhu ukuthi inqubomgomo nohlelo lolimi lwase-UKZN (2006 lwabuyekezwa 2014) iqhaza elibalulekile lolimi kwezokufunda nokufundisa. Ngokusebenzisa inqubomgomo nohlelo lolimi, i-UKZN isithathe isinyathelo sokuthuthukisa isiZulu, ukuze sihambelane nesikhathi samanje kanye nokusihlelela ukuze sitshenziswe ekukhiqizweni nasekusatshalalisweni kolwazi. Enye yezinhloso ezibekwe inqubomgomo yolimi yase-UKZN “ukunikeza isiZulu izinga elifanayo nelesiNgisi kwezokufunda nasesikhungweni” kanye “nokuhlinzeka ngezinsiza ukuze kusetshenziswe isiZulu njengolimi lokufunda, ukufundisa, ucwaningo kanye nokuphatha.” (Language Policy of the UKZN, 2014:2).

Emkhankasweni wkushintsha isimo kwezokufunda kuMasingana wonyaka wezi-2014, imojuli yesiZulu eyimpoqo yezokuxhumana efundwa yibo bonke abafundi abangenaziqu abangasikhulumi isiZulu njengolimi lwebele noma abangasifundanga phambilini. Lesi sinqumo seZigele esicaciswa umthetho u-BR9, sihlinzeka ngesisekelo esilula futhi sibalulekile sokuthuthukisa kanye nokwenza isiZulu ulimi lwezifundiswa. Le mojuli ithathwa njengesisombululo sezokubamba iqhaza nokuxhumana ngokwezenhlalo esikhungweni. KuLwezi wonyaka wezi-2016, iZigele zagunyaza umthetho weZiqu zobudokotela (DR9(b)) odinga ukuthi kube neqoqa lethisizi leziqu zobudokotela elingesiZulu nesiNgisi kuwowonke amathesizi eziqu zobudokotela. Lo mthetho omusha weziqu zobudokotela unomthelelo obonakalayo ekugqugquzelweni kokusetshenziswa kwesiZulu kwezofunda, ukufundisa nocwaningo.

I-UKZN iyakumema kulo mcimbi oyingqophamlando wokwethula imibhalo emibili yezokufunda engumphumela ophathekayo womshikashika wokuthuthukisa isiZulu ukuze sibe ulimi lwezokufunda okuhambelana nesimiso somthethosisekelo wokulinganisa zonke izilimi zezwe ezisemthethweni .I-UKZN isebenzisa iHhovisi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi inentokozo yokwethula imibhalo emibili emisha, Uhlu Lwamatemu EzoMthetho (okuwumbhalo wesibili ochungechungeni lwemibhalo) kanye nowezinkondlo zesiZulu othi Zidla Inkotha yomibili eshicilelwe abakwa- UKZN Press. Incwadi yezinkondlo ingumphumela womncintiswano waminyakayonke owasungulwa futhi wesekwa i-ULB emizamweni yokugqugquzela ababhali besiZulu ngezihloko zesimanje.